**ISANDULELO**

Kungenzeka ukuthi uzibuze le mibuzo elandelayo:-

1) Ingabe mina ngingumlandeli kaJesu Kristu ngempela na?
2) Ingabe ngilifuna ngempela iqiniso na, noma ngiyisitha seQiniso?
3) Ingabe uJesu ubenguMkhristu noma ube yiSulumane?

Ngizamile ukwabelana ngomnininingwane onzulu othathwe ezincwadini eziqukethe ulwazi olujulile kanye nakuma-*website*, ngase ngiwuhlanganisa ndawonye ngendlela yama-*table* afingqiwe, eqondakala kahle.

Nginxusa umfundi ukuthi afunde le ncwadi ngengqondo engachemi, nokuthi avumele iqiniso enhliziyweni yakhe ngoba le ndlela ngiyo kuphela ezokwenza ukuthi kuthatheke isinqumo esiqondile, okuyiso esizokwakha impilo yomuntu yalapha emhlabeni neyakwelizayo.

**OKUQUKETHWE**

Isingeniso

1. Ukuhlazeka (Ukuzihlanza ngamazi ngaphambi komthandazo)
2. Ukukhumula izicathulo ngaphambi kokuthandaza
3. Izikhathi ezinqunyiwe zomthandazo wezinsuku zonke
4. Ukubheka ohlangothini oluthile ngesikathi kuthandazwa
5. Ukuthinta phansi ngobuso uma kuthandazwa
6. Ukuphakamisa izandla ngemuva kokuthandaza
7. Ukuzila
8. Isithunywa noMphrofethi kaSomandla
9. Ukuzinikela entandweni kaSomandla (*Islam*)
10. Igama likaSomandla (uMdali)
11. Ukukholelwa kuNkulunkulu oYedwa (*Monotheism*)
12. Amadodana kaSomandla
13. Ukusindiswa noMsindisi
14. Onolwazi lwezinto Zonke
15. Izibonakaliso
16. Indlela yokubingelela
17. Iziphuzo ezidakayo
18. Inyama yengulube
19. Ukuhlinzwa kwezilwane
20. Ukudla inyama enegazi
21. Abesifazane abazimbozile (*Veiled*)
22. Ukuhlanzeka (ukugeza umzimba wonke)
23. Isithembu
24. Ukukhothamela izithixo, Izithombe ezibaziwe, izifanekiso neZiphambano
25. Ukuphinga
26. Ukuhlanzeka - Ukusoka
27. Inzalo etholakala emalini
28. Intshebe kanye nengubo ende
29. Igama likaMuhammad lagagulwa kwiTestamende eliDala
30. AmaSulumane agagulilwe eBhayibhelini

Isiphetho

Izincwadi zokufakazela *(references)*

## <u>I S I N G E N I S O</u>

Igama elithi ***"Kristu"*** liphuma olimini lwesi-*Greek* elithi ***"Khristos"***, elisho ukuthi ***"ogcotshiwe"***. Nalo lithathwe egameni lesi*Hebheru* elithi ***"Masiah"*** (uMesiya), lisetshenziswa kuJesu njengegama lokuhlonipha *(title)*.

Igama elithi ***"amaKrestu"*** (Christians) lisho abalandeli baka-Krestu.
Igama elithi ***"Muslim"*** lona lisho umuntu ozinikela entandweni kaSomanda.

uJesu (*ukuthula nezibusiso zika-Allah zibe kuye*) wathi:-

*"Ningacabangi ukuthi ngize ukuzophelisa umthetho noma abaphrofethi: Angizelanga ukuzophelisa (umthetho), kodwa ngizele ukugcwalisa. Ngempela ngithi kini…"* **(Matt. 5:17-18)**

uJesu (U.k.k.) ubengenalo ilungelo lukushintsha umthetho. Ubenelungelo lokuzogcwalisa, nokufakazela, ukucacisa nokufeza (lowo mthetho) ukuze uvumelane nezimo ezintsha noma ezihluke ngendlela ethile.

# *(1). <u>UKUQHATHANISA</u>*

### <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>1.</u>** **<u>UKUHLANZEKA</u>:**- (Ukuzihlanza ngamazi ngaphambi komthandazo)

UMose (u.k.k) no-Aroni (u.k.k) bebekade bezihlanza ngamanzi ngaphambi komthandazo, bebevamise ukugeza izandla nezinyawo ngazo zonke izikhathi ngaphambi kokungena eThendeni lokuhlangana, nangaphambi kokusondela eduze ne-althari. Lesi senzo kwakungumyalo kaSomandla: ***(Ex. 40:31-32)***. uDavide (u.k.k): ***(Psalms 26:6), (2 Samuel 12:20)***.

uJesu (u.k.k) akazange aphikisane nesenzo sokuzihlanza ngaphambi komthandazo. Kwachazwa encwadini ***(ka-James 4:8)***:- *"Yizani kuSomandla, naYe uzokuza kini. Hlanzani izandla zenu, nina zoni, nihlanze izinhliziyo zenu…"*

uJesu (u.k.k) wawulandela lo mthetho (wokuzihlanza ngamanzi ngaphambi komthandazo), wawugcwalisa ngokukhulu ukucophelela, ngoba bekade kungumthetho kaSomandla.

**<u>i.</u>** **<u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

AmaKrestu awawulandeli umyalo (kaSomandla) wokuzihlanza ngaphambi kokuthandaza emasontweni abo. Abazihlanzi izandla nezinyawo ngaphambi kokuthandaza njengoba kuyale uSomandla. Abawulandeli umyalo owagcwaliswa nguJesu (u.k.k).

**<u>ii.</u>** **<u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

AmaSulumane ayawulandela umyalo (kaSomandla) wokuzihlanza ngaphambi kokuthandaza emasontweni abo. Bageza izandla, izinyawo, nobuso, njalonjalo. ***(iKhurani 5:6)***. U-Uthman ibn Affan (sengathi u-Allah angagculiseka ngaye) wabika ukuthi uMphrofethi Muhammad (u.k.k) wake wakhuluma kanje:- *"Umuntu uzihlanza ngendlela efanele, izono zakhe zizophuma emzimbeni wakhe, ngisho nangaphansi kwezizinzipho zakhe."* (**Sahih Muslim**).

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(2). __UKUQHATHANISA__*

## __INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO__

### __2. Ukukhumula izicathulo ngaphambi kokuthandaza__

uMose (u.k.k) wake wathola umyalelo kaSomandla wokuthi akhumule izimbadada zakhe ngaphambi kokunyathela indawo ingcwele, kanye nokuthandazela kuyo leyo ndawo ***(Ex. 3:5; iZenzo 7:33)***.

uJesu (u.k.k) naye wawugcina lowo mthetho, wawulandela ngokukhulu ukucophelela ngoba bekungumyalo kaMvelingqangi.

**__i.__ __Indlela yobuKrestu__:-**

AmaKrestu awazikhumuli izicathulo ngaphambi kokungena nokuyothandazela emasontweni abo. Okusho ukuthi abawulandeli umthetho owagcinwa nguJesu (u.k.k).

**__ii.__ __Indlela yamaSulumane__:-**

AmaSulumane ayazikhumula izicathulo ngaphambi kokungena nokuthandazela emasontweni abo (*masjid*).
iKhurani eNgcwele ikhulumile ngalokhu:- ***(ku-20:11-12)***.

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(3). __UKUQHATHANISA__*

## __INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO__

### __3. Izikhathi ezibekiwe zomthandazo wezinsuku zonke__

Izikhathi ezibekiwe zomthandazo (wezinsuku zonke) ngokweBhayibheli: kusekuseni, emini yantambama ***(Psalms 55:17)***, futhi kunokwenzeka ukuthi kube nemithandazo embalwa phakathi kwalezi zikhathi ezintathu. Kubikiwe **(*ku-Psalms 119:164*)** ukuthi: *"Ngikudumisa izikhathi eziyisikhombisa ..."* iBhayibheli elibhalwe ngolimi lwesi-*Aramaic*, elihunyushelwe olimini lwesiNgisi, lona likhulume ngomthandazo wasentatha ***(Psalms 5:3)***, nomthandazo wangaphambi kwasentatha ***(Psalms 119:147)***. Kanye nomthandazo wamaphakathi kwasebusuku ***(Psalms 119:62)***. Kukhona izikhathi ezibekiwe zokuthandaza ***(Psalms 32:6; 69:13)***, Ngokusho kuka-Davide (u.k.k), kwakukade kungamukelekile ukunganaki izikhathi ezibekiwe zokuthandaza. uJesu (u.k.k) naye wawugcina futhi wawulandela ngokukhulu ukucophelela lowo mthetho.

**__i.__ __Indlela yobuKrestu__:-**

Iningi lamaKrestu lilandela indlela ejwayelekile yezikhathi zokuthandaza ekuseni nakusihlwa, ukucela ukubusiswa kokudla ngaphambi kokuthi kudliwe. Ukungabi nohlelo olubekiwe (lomthandazo) kwenza ukuthi kunabi khona ukuqiniseka ngobukhona bomthandazo, nokuphindwa-phindwa ngendlela ezobe ibekiwe. Okusho ukuthi abawulandeli umthetho owagcinwa nguJesu (u.k.k) omayelana nezikhathi ezibekiwe zomthandazo (wezinsuku zonke).

**<u>ii.</u>** **<u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

AmaSulumane ayawulandela umthetho wokuthandaza ngezikhathi ezibekiwe njengoba kuyimfanelo kubo ukuthi bathandaze kahlanu ngosuku, nsuku zonke. Umthandazo ngamunye uthatha isikhathi esingaba imizuzu emihlanu ukuya kwelishumi. Leyo mithandazo yenziwa ngezikhathi ezithile ezibekiwe:- (1). Entathakusa, (2). Emini enkulu, (3). Emini yantambama, (4). Emuva kokushona kwelanga, (5). Kanye nakusihlwa. Kukhona futhi neminye imithandazo leyo umuntu angayenza ngangokuthanda kwakhe. Bheka kwi*Khurani eNgcwele*:- (***20:132; 7:205; 33:42; 48:9; 76:25; 24:58; 52:49; 17:78; 11:114; 20:30***).

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(4). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

***<u>4.</u>*** **<u>Ukuthandaza ubheke ohlangothini oluthile</u>** ***(eJerusalema noma eKaaba ese-Makkah)***

uDavide (u.k.k) ubekhonza uSomandla ebheke ohlangothini lwethempeli engcwele ***(Psalms 5:7; 138:2).*** Ngokombiko wencwadi ebizwa ***Gill's Exposition of the Entire Bible***,*"(uhlangothi okukhulunywa ngalo lapha) akulona lweThempeli yaseJerusalema, njengoba yayingakakhiwa … kodwa kwakukhulunywa nge-tabernacle kaMose leyo kuyo bekukhona i-Areki."* Yize kunjalo, i-areki leyo kaMose kwakungelona iThempeli elingcwele! Manje umbuzo osobala uthi: yiliphi elinye iThempeli elingcwele lelo uDavide (u.k.k) abebheka ngakulo uma ethandaza? uSolomon (u.k.k) yena ubebheka ohlangothini lweThempeli engcwele eyayise-Jesarulema ***(2 Chronicles 6:21)***. Kanjalo ngoDaniyeli (u.k.k), bheka encwadini ***(ka-Daniel 6:10)***. Kanjalo futhi nango-Jonah, njengoba kubikwe ***(ku-Jonah 2:7)***.

Ngesikhathi sikaJesu (u.k.k) uhlangothi okwakubhekwa kulo uma kuthandazwa bekungolwaseJerusalema ***(John 4:20-21)***. uJesu (u.k.k) wathi abantu abakhonza ngokweqiniso bazokhonza uSomandla *"ngomoya nangeqiniso"* ***(John 4:23-24)***, okusho ukuthi *"bazobanokwethembeka ekukhonzeni kwabo."* Akusho ukuthi bazokhonza uMdali bekheke kunoma iluphi uhlangothi. uJesu (u.k.k) walandela ezinyathelweni zabaphrofethi basendulo njengoba naye abethandaza ebheke ohlangothini lweThempeli engcwele.

**<u>i.</u>** **<u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

Amasonto asendulo abekade akhiwa ngendlela yokuthi ibandla lbheke ohlangothini lwaseMpumalanga, okwakuwuphawo lukaKrestu (lwelanga eliphumayo). Kwakuyisenzo esijwayelekile ukuthi abantu bathandaze babheke eJerusalema. Kwathi kamuva, amaKrestu asethandaza abheke noma ikuliphi uhlangothi. AmaKrestu abamlandeli uJesu (u.k.k), futhi abathandazi babheke ohlangothini oluthile.

**ii. <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

AmaSulumane asendulo abekade ebheka ohlangothini lwaseJerusalema uma bethandaza, kodwa lokho bakwenza okwesikhashana. Kwase kwenzeka ukuthi uMdali (u-Allah) ayale uMphrofethi uMuhammad (u.k.k) ukuthi ashintshe lolo hlangothi kube olwase-*Ka'bah* eMakkah. ***(iKhurani 2:144)***.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(5). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>5. Ukuthinta phansi ngobuso, isiphongo sithente phansi</u>**

AbaPhrofethi basendulo kanye nabalandeli babo bebevamise ukubeka ubuso phansi uma bethandaza, njengo-Abrahama (u.k.k) ku-**(*Genesis 17:3; 17:17)***, uMose (u.k.k) no-Aroni (u.k.k) ku-***(Exodus 34:8), (Numbers 16:22; 20:6)***, uJoshua (u.k.k) encwadini ka-***(Joshua 5:14; 7:6)***, no-Elija ***(1 Amakhosi 18:42)***, noDavide (u.k.k) encwadini ye-***(Psalms 22:29)***, ***(1 Samuel 20:41)***, ngemuva kokuthi uSolomon (u.k.k) aqede ukuthandaza: ***(2 Chronicles 7:3)***, ngesikhathi kuthandaza u-Ezra (u.k.k): ***(Nehemiah 8:6)***, iZingelosi eziNgcwele: ***(iSambulo 7:11)***.

uJesu Krestu (u.k.k) akakaze ayale abantu ukuthi bakhonze yena esikhundleli sikaMdali. Lo mthetho wawucaciswe kahle encwadini ***(ka-Numeri 23:19)***:- *"USomandla akasiyena umuntu, ukuthi anqamba amanga,futhi akasiyona indodana yomuntu, ukuthi angaguquka ezonweni ..."* USomandla akasiyena umuntu: ***(1 Samuel 15:29)***, ***(Hosiya 11:9)***. uJesu (u.k.k) wawugcina lo mthetho, wawulandela ngokukhulu ukucophelela, wakhothama ubuso bakhe buthinte phansi njengoba ebekhonza uMvelingqangi ***(Matt. 26:39)***, ***(Marku 14:35)***, nabafundi bakhe bakwenza lokho ***(Matt. 17:6)***.

**i. <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

AmaKrestu aguqa phansi ngamadolo ngaphambi kwesiphambano, izandla zihlangene ndawonye ngesikhathi bethandaza, balingisa uphawu lwesiphambano ngezandla, beqala esiphongweni, nasesifubeni, bagcine emahlombe. Leso senzo asizange senziwe nguJesu (u.k.k). AmaKrestu awasenzi isenzo sokuthinta phansi ngobuso uma bethandaza. Abayilandeli indlela kaJesu (u.k.k) yokuthandaza.

**ii. <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

AmaSulumane asenza isenzo sokubeka ubuso phansi nsuku zonke uma bethandaza. Bheka iKhurani eNgcwele ***(22:77), (7:206), (13:15), (17:109), (19:58), (25:60), (96:19), (32:15), (38:24), (53:62), (76:26), (10:9-10).***

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(6). __UKUQHATHANISA__*

## __INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO__

### __6. Ukuphakamisa izandla ngemuva komthandazo__

uSolomon (u.k.k) ubevamise ukuphakamisa izandla njalo ngemuva kokuthandaza ngenhloso yokudumisa uSomandla, ecela izibusiso zaKhe: ***(1 Amakhosi 8:54)***.

uJesu (u.k.k) naye waligcina leli siko, walilandela ngokukhulu ukucophelela njalo uma ebedumisa uMvelingqangi

**__i.__ __Indlela yobuKrestu__:-**

AmaKrestu awasilandeli lesi senzo ngemuva kokuthandaza. Abalandeli isiko lokudumisa ebelilandelwa nguJesu (u.k.k).

**__ii.__ __Indlela yamaSulumane__:-**

AmaSulumane ayaligcina leli siko lokuphakamisa izandla uma besho amagama endumiso abizwa ***i-Qunoot***, futhi ngemuva komthandazo bagcina isiko lokuphakamisa izandla, lapho sebesho amagama okuzicelela izibusiso kuSomandla,beMdumisa futhi bezicelela nentethelelo. ***(iKhurani eNcgwele 2:255; 25:74)***.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(7). __UKUQHATHANISA__*

## __INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO__

### __7. Ukuzila__ *(Fasting)*

uMose (u.k.k) wazila izinsuku ezingamashumi amane, lapho ebengadli lutho, engaphusi ngisho namanzi: ***(Deut. 9:9)***, ***(Exodus 34:28)***. AbaPhrofethi basendulo nabo bebezila:- uDavide (u.k.k) njengoba kubikwe ku-***(2 Samuel 12:22)***, no-Elijah (u.k.k) njengoba kubikwe ku-***(1 Amakhosi 19:8)***, no-Ezra (u.k.k) njengoba kubikwe ku-***(Ezra 10:6)***, no-Daniel (u.k.k) naye eyakhe indaba yokuzila ibikwe ku-***(Daniel 9:3)***. Ngesikhathi uJudah esekudingisweni e-Babylon, kwakugcinwa isiko lokuzila ngezinyanga ezithile ezazikhethiwe: ***(Zachariah 8:19)***. Encwadini ka-***(Jeremiya 36:6)***, kubikwa ngokubakhona kosuku olukhethekile olwalubekelwe ukuzila. Khona lapho encwadini ka-***(Jeremiya 36:9)*** kubikwe ukuthi bekukhona inyanga ebeyikhethelwe ukuzila (yesishiyagalolunye).

uJesu (u.k.k) naye waligcina leli siko lokuzila, wazila isinsuku ezingamashumi amane, engadli lutho, futhi engaphuzi namanzi. Kwathi ngemuva kwalapho, uJesu (u.k.k) wazizwa elambile ***(Matt.4:2; 6:16)***. uJesu (u.k.k) wawulandela ngokukhulu ukucophelela lowo mthetho.

**__i.__ __Indlela yobuKrestu__:-**

Indlela leyo amaKrestu azila ngayo yehlukile: abanye bazila ukudla jikelele, kanti abanye bagwema ukudla okuthile uma bethi bayazila (njengenyama, inhlanzi, inkukhu noma amaqanda), kanti abanye bona bagwema kuphela uhlobo oluthile lweziphuzo (njenge-wine noma ubisi).

AmaKrestu awazili ngendlela uJesu (u.k.k) abenza ngayo, njengokuthi bangadli lutho, bangaphuzi lutho, isikhathi esithile. Lokho kusho ukuthi ekuzileni kwabo, ababuzwa ubuhlungu bendlala nokoma. Abawulandeli uthetho obulandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane azila kusukela entathakusa kuze kube sekushoneni kwelanga, isikhathi senyanga yonke ye-Ramadan. Ngaleso sikhathi, akudliwa lutho, akuphuzwa lutho, kugwenywa ukuhlangana ngokocansi, akubhenywa, bese kugwenywa izenzo ezingalungile ezinjengokuhleba nokuqamba amanga, kanye nezinye izinto zokuzithokozisa. AmaSulumane ayabuzwa ubuhlungu bendlala nokoma, futhi ukuzila kubenza bakwazi ukuhlonipha nokuzithobela uMdali, bese kubakhona ukuzwelana nabanye abantu abantulayo. Ukuzila kubasiza ukuthi bakwazi ukuzithiba ezintweni nokulawula imizwa yabo, kubazise nokuthi bahlanganyele ndawonye kukho konke abakwenzayo. ***(bheka iKhurani eNgcwele 2:183-185, 187, 196)***.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(8). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

**8. Isithunywa noMphrofethi kaSomandla**

uJesu (u.k.k) wakusho kwacaca ukuthi ubethunywe nguMdali, okusho ukuthi ubeyiSithunywa sikaSomandla ***(John 4:34; 5:30; 6:38; 7:16; 11:41-42; 17:3; )***. uJesu (u.k.k) ubezibiza ngokuthi yena unguMphrofethi ***(Luke 13:33-34)***, abanye nabo bebembiza uMphrofethi ***(Luke 7:16; 24:17-22) ; (John 4:19; 6:14; 9:17); (Matt. 21:11)***. uJesu (u.k.k) ubebizwa futhi ngeSisebenzi sikaSomandla: ***(iZenzo 3:13; 4:27)***. uJesu (u.k.k) ubethunyelwe kuphela (emhlambini wezimvu odukile) wendlu yakwa-Israyeli, hhayi abezizwe (*Gentiles*): ***(Matt. 10:5-6; 15:24-27)***. uJesu (u.k.k) ubebizwa ngokuthi *"uyindodana yoMuntu"*: ***(Matt. 12:32; 12:40; 17:9); (John 6:27)***. uJesu (u.k.k) uphinde futhi wachazwa *"njengomuntu ogunyazwe nguMdali"*: ***(iZenzo 2:22)***. Lo mthetho kwakhulunywa ngawo kwiThestamende eliDala kwathiwa: *"uSomandla akasiyena umuntu ukuthi angaqamba amanga, noma indodana yomuntu ukuthi angaze aguquke ezonweni…"* ***(Numbers 23:19)***. *"uMdali akasiye umuntu"*. ***(1 Samuel 15:29); (Hosea 11:9)***.

Imikhuleko kaJesu (u.k.k) yayiphendulwa ngazo zonke izikhathi, kodwa yayiphendulwa ngeNgelosi eyayiqhamuka kuye ukuze imuphe amandla: ***(Luke 22:43)***. uJesu Krestu (u.k.k) wawufezakalisa umthetho wobuphrofethi nokuba isithunywa sikaSomandla. Wakusho yena ngokwakhe ukuthi uyiSithunywa noMphrofethi kaSomandla.

**i. Indlela yobuKrestu:-**

AmaKrestu akholelwa ekutheni uJesu ungowesibili konkulunkulu abathathu (*Triune God*) – okusho ukuthi uyindodana kulobu buthathu, aphinde futhi abenguNkulunkulu ngokuphelele. AmaKrestu akholelwa ekutheni uJesu "uNgcwele" futhi unobuNkulunkulu kuye. Okungukuthi ukabili: unguNkulunkulu aphinde abe ngumuntu ngasikhathi

sinye. Kuyinkolelo yamaKrestu ukuthi umxhumanisi phakathi kukaSomandla nomuntu kufanele abengumuntu futhi abe nguNkulunkulu, hhayi ukuthi abe ngumuntu kuphela ***(1 Timothy 2:5)***.

Iningi lamaKrestu abakholelwa ekutheni ujesu (u.k.k) ubeyiSithunywa, noma uMphrofethi, noma iNceku kaSomandla, nokuthi ubengumuntu njengawo wonke umuntu njengozisho kwakhe yena uJesu (u.k.k). AmaKrestu abawulandeli umthetho owagcwaliswa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane akhombisa inhlonipho enkulu yokholo uma bekhuluma ngoJesu (u.k.k) nonina okhethekile nobemsulwa, uMariya. AmaSulumane akholelwa ekutheni uSomandla wehlisela izembulo ezingcwele ku-Abrahama noMose, nakuJesu kanye nakwabanye futhi abaphrofethi. Ngaleyo ndlela, amaSulumane akholelwa ekutheni uJesu (u.k.k) ungomunye weziThunywa zika-Allah. Ubenolwazi nokuhlakanipha, ubebusisekile, wazalwa ngaphandle kokuba nobaba njengo-Adamu (u.k.k). Ukuzalwa kukaJesu (u.k.k) okuyisibonakaliso akumenzi ukuthi abe nguNkulunkulu, noma indodana yakhe, noma ingane ebelethwe nguNkulunkulu. Ikhurani Ibiza uJesu (u.k.k) ngeZwi lika-Allah. Lokho akusho ukuthi ungu-Allah noma indodana yaKhe. ***(iKhurani 112:1-4; 5:73; 19:31-33)***.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(9). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

**9. Ukuzinikela entandweni kaSomandla (Islam)**

uJesu (u.k.k) wazinikela entandweni kaSomandla ***(Luke 22:42)***. ***(Matt. 26:39); (Mark 14:36)***. Ebhayibheli lokuqala elalihumushwe ngolimi lwesi-*Greek*, kwakukhulunyiwe *"ngokuzinikela entandweni kaNkulunkulu"*: ***(James 4:7)***. Olimini lwesi-*Greek* lwakudala, kanye nasolimini olusha (lwaso isi-*Greek*), uma luhunyushwa ngesiNgisi lithi: *"Zinikele entandweni kaNkulunkulu"* (okusho ukuthi *"Yiba liSulumane")*. uJesu (u.k.k) ubekhonza uNkulunkulu: ***(Luke 5:16); (Matt. 26:39; 26:42; 26:44)***. uJesu (u.k.k) wathandaza kuNkulunkulu, wacela usizo kuye nangesikhathi evusa uLazaru kwabafileyo: ***(John 11:41-43)***. uJesu (u.k.k) ubevamise ukuzwakaliza ukuzithoba ngaphansi kukaNkulunkulu: ***(John 5:30; 14:31)***. uJesu Krestu (u.k.k) wawufezakalisa lo mthetho wokuzinikela entandweni kaNkulunkulu. Okusho ukuthi uJesu (u.k.k) wafakazela ukuba liSulumane kwakhe.

**i. Indlela yobuKrestu:-**

AmaKrestu azinikele kakhulu kuJesu, bakholelwa ekutheni nguJesu kuphela ongumxhumanisi wabantu noMdali. Lokhu kusho ukuthi bona bazinikele entandweni kaJesu (hhayi entandweni kaSomandla uMdali).

AmaKrestu ayishaya indiva indaba yokuthi uJesu (u.k.k) wazwakalisa ukuthi uzithobela ubukhulu bukaNkulunkulu, futhi ubezinikele entandweni kaNkulunkulu. Lokhu kusho ukuthi amaKrestu awawulandeli umthetho owagcwaliswa nguJesu (wokuzikela kuNkulunkulu kuphela, hhayi kwesinye isidalwa sikaSomandla uMdali).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane akholelwa ekutheni bonke abaPhrofethi ababekhona kusukela ekuqalekeni kwendalo nabo bebengamaSulumane: (kusukela ku-Nowa, Abrahama, uJakobhe, u-Loti, uJosefa, uMose, uSolomon, uJesu, kanye noMphrofethi wokugcina, uMuhammad (u.k.k) njengoba bebeshumayela umlayezo ofanayo bonke. Inkolo yabo yayimayelana: *"Nokuzinikela entandweni kaSomandla uMdali wezinto zonke"*. Okusho ukuthi bafakazela ukuba senkolweni ye-Islam. ***(iKhurani (2:128, 132-133); (3:19-20, 52, 83); (5:3, 44); (10:72); (12:101); (27:30-31, 38, 42, 44); (40:66); (51:31-36)***.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(10). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

### <u>10. Igama likaSomandla, ngu-Allah</u> (uMdali)

uJesu (u.k.k) wayekhuluma ulimi lwesi-*Aramaic*. Igama likaSomandla olimini lwesi-*Aramic* bekungu-**"*Alah*"**. Olimini lwesi-*Arabic* igama likaSomandla kuthiwa ngu-**"*Allah*"**. Olimini lwesiHebheru (*Hebrew*) igama loMdali wemvelo kuthiwa ngu-**"*Eloh*"** – okwenza lifundeke kuthiwe ***"Alah"*** uma kungafakwanga izimpawo zokubhala (*diacritical marks*). Uma selibhalwe kanje: ***"Elohim"***, lisuke selikhomba ubuningi (*plural*) bokukhombisa inhlonipho eBhayibhelini yolimi lwesiHebheru: (***Genesis 1:1***). Ngokusho kweBhayibheli, uJesu (u.k.k) wasebenzisa omabili lawa magama: **"<u>ELI</u>" no-"<u>ELOI</u>"**: ***(Matt. 27:46)*** & ***(Mark 15:34)***. Omabili lawa magama asuka egameni lolimi lwesiHebheru elithi: **"<u>ELOH</u>"**, Olimini lwesi-*Arabic* kuthiwa: ***"Elah"*** noma ***"<u>Allah</u>"***, okungamagama angasondelanga nhlobo negama elithi: ***"<u>Jehovah</u>"***.

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

Igama likaSomandla kumaKrestu akhuluma ulimi lwes-*Arabic* ngu-***<u>Allah</u>*** AmaKrestu awasebenzi amagama anje ngalawa: ***"Eloh"***, noma ***"Eli"*** noma ***"Eloi"*** njengamagama aqondiswe kuSomandla uMdali wemvelo. Okusho ukuthi abayilandeli indlela kaJesu yokwenza izinto zokholo.

**<u>ii.</u> <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

AmaSulumane akhonza yena loya Somandla obekhonzwa ngabaPhrofethi abanjengo-Nowa, u-Abrahama, uMose, uDavide kanye no-Jesu (*ukuthula kube kubo bonke*). Igama likaMdali wezinto zonke ngu-***<u>Allah</u>***. ***(iKhurani: 2:225; 59:22-24; 112:1-4)***.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(11). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>11. Inkolelo yokuthi uNkulunkulu Munye</u> (*Monotheism*)**

Akekho namunye kubaphrofethi basendulo owashumayela ngenkolelo yoNkulunkulu abaThathu (*trinity*). Kunalokho, bebeshumayela inkolelo yokuthi uNkulunkulu Munye (*Monotheism*). *"Ungabi nabanye oNkulunkulu ngaphandle kwami"*. ***(Exodus 20:3)***. Amagama kaSomandla qobo, lapho ezisho ubuYena bakhe, acacile, alula futhi awanakho ukuziphikisa noma ukudida umqondo:- *"NgiNgunkulunkulu iNkosi yakho."* Bonke abaphrofethi bakaSomandla bebeshumayela inkolelo yokuthi uNkulunkulu Munye (*Monotheism*): uMose (u.k.k) uyakufakazela lokhu encwadini ***(ka-Exodus 3:14-15; 18:11; 20:2-5); (Genesis 17:1); (Lev. 19:3-4); (Deut. 6:4-9, 13)***. uDavide (u.k.k) naye ukufakezele lokhu: ***(Psalms 83:18; 104:1; 105:7; 118:27-28)***; noSolomon (u.k.k):- ***(Prov. 9:10); (Ecclesiastes 12:13)***; no-Isaiah (u.k.k):- ***(Isaiah 40:28; 43:10; 44:6; 45:19, 21-23)***. *"Akekho umuntu ongabona uNkulunkulu noma ezwe izwi laKhe."* ***(Exodus 33:20)***. *"USomandla akasiyena umuntu, ukuthi anqamba amanga,futhi akasiyona indodana yomuntu, ukuthi angaguquka ezonweni …"* ***(Numbers 23:19).*** uNkulunkulu akasiye umuntu***: (1 Samuel 15:29)***, ***(Hosiya 11:9)***.

uJesu (u.k.k) wake wakhuluma wathi: *"Umyalo omkhulu kunayo yonke uthi: uNkulunkulu iNkosi yethu nguYe kuphela iNkosi."* ***(Mark 12:29)***. Akukho lapho uJesu (u.k.k) ake wathi khona: *"NginguNkulunkulu, khonzani mina."* Yena ngokwakhe ubekhuthaza abantu ukuthi bakhonze uSomandla uMdali kuphela, nokuthi baqondise imithandazo yabo kuYe, babe zinceku zaKhe. ***(Mark 12:28-29; 14:32); (Luke 4:8; 5:16); (John 17:3); (Matt. 4:10)***. uJesu (u.k.k) wathi: *"Akekho umuntu olungileyo ngaphandle kukaMdali kuphela."* ***(Luke 18:18-19); (Mark 10:18); (Matt. 19:17)***. *"Akekho umuntu ongabona uSomandla, noma ezwe izwi lakhe."* ***(John 5:37)***. Ukuba Munye kuMdali kuphinde kwakhulumeka ngakho futhi encwadini ***(ka-James 4:12)***. uNkulunkulu akaguquki ***(James 1:17)***.

Abafundi bakaJesu (u.k.k) bazamukela lezi zimfundiso futhi baba nokukholelwa kuNkulunkulu oYedwa. uJesu (u.k.k) wayilandela ngokucophelela imfundiso yokukholelwa kuNkulunkulu oYedwa, futhi naye ngokwakhe wayigcina (ngokufakaza ngezenzo).

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

AmaKrestu asevele ephule umthetho wokuqala ngokuthi bekhonze uJesu (u.k.k), nomumthatha njengendodana (ezelwe yodwa nguNkulunkulu). Umkhandlu (*council*) wokuQala wase-***"Constantinople"*** ngiwo owaqhamuka nenkolelo yoNkulunkulu abaThathu (eyagcina isinguthetho wesisekelo sokholo *lwamaKrestu*), waphinde futhi wachaza ukuthi uMoya oNgcwele unobuNkulunkulu obufanayo nobeNdodana njengokuyala koMkhandlu obizwa ***"Council of Nicaea"*** owabakhona eminyakeni ewu-56 ngaphambilini kwalapho. Lokho kwasho ukuthi sekufakwe oNkulunkulu ababili (ukuze babemunye noMdali ebuKhosini bakhe):

***a) uNkulunkulu uBaba = uMdali,***
***b) uNkulunkulu iNdodana = uMsindisi,***
***c) uNkulunkulu uMoya oNgcwele = uMeluleki.***

AmaKrestu avele aphuma nhlobo ekukholelweni kuNkulunkulu oYedwa. Baphakamisela uJesu (u.k.k) phezulu kakhulu kwisikhundla sobuNkulunkulu. Lokho kusho ukuthi amaKrestu abalilandeli isiko (elalilandelwa nguJesu) lokukholelwa kuBunye bukaSomandla Yedwa *(Monotheism*).

**<u>i.</u> <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

AmaSulumane akholelwa ekutheni bonke abaPhrofethi bebethunywe nguNkulunkulu oyedwa, onguMdali (wezinto zonke), ebathume ukuletha umyalo ofanayo wokuthi: *"USomandla wangempela Munye kuphela, khonzani Yena kuphela, futhi nigcine imiyalo yaKhe."* ***(iKhurani eliNgcwele: 1:1-5; 2:132, 136, 225; 5:76; 7:59; 20:8; 21:25; 27:61, 63-64; 59:23)***. ***I-Surah 112*** iwuchaze kahle umthetho wenkolelo kaNkulunkulu oYedwa (*Monotheism*):

*"Khuluma uthi:*

1. *Ungu-Allah, oYedwa,*
2. *U-Allah oyisiphephelo esingunaphakade,*
3. *Akazali futhi naYe akazalwanga,*
4. *Futhi akekho ongaqhathaniswa."*

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(12). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

### <u>12. Amadodana kaNkulunkulu</u>

Ukusetshenziswa kwamagama athi: *"amadodana kaNkulunkulu"* akuqondiswanga ukusho umuntu loyo aqondiswe kuye usesimweni sobuNkulunkulu; futhi ngamagama abesetshenziswa kakhulu emphakathini wamaJuda – njengoba futhi nabo bebezibiza ngokuthu "*ngaBantwana bakaNkulunkulu"* noma *"aMadodana kaNkulunkulu*". Amagama athi *"indodana kaNkulunkulu"*, njengokutholakala kwawo eBhayibhelini abengabhekiswa kuJesu yedwa nje kuphela. iBhayebheli likusho kwacaca ukuthi uNkulunkulu unamadodana amaningi! uJakobhe ***(Exodus 4:22)***. uSolomon ***(2 Sam. 7:13-14)***; Ephaim ***(Jer. 31:9); Adam (Luke 3:38).*** Ngisho nabantukazana bebebizwa amadodana kaNkulunkulu: ***(Deut. 14:1); (Gen. 6:2; 6:4); (Psalms 29:1); (Job 1:6; 2:1; 38:7)***.

uJesu (u.k.k) wachaza ukuthi *"abalethi bokuthula noxolo…bangamadodana kaNkulunkulu"*. Emasikweni womphakathi wamaJuda, noma imuphi umuntu obelandela intando kaNkulunkulu, ubebizwa *"indodana kaNkulunkulu."* ***(Gen. 6:2,4); (Ex. 4:22); (Jer. 31:9); (Psalms 2:7); (Luke 3:38); (Romans 8:14); (John 6:35).*** Uma uJesu (u.k.k) ebesho lamagama eBhayibhelini: *"Indodana kaNkulunkulu"*, lokho bekungamphakamiseli esikhundleni sokuba uNkulunkulu.

Akukho lapho uJesu (u.k.k) ake wathi *"Mina nginguNkulunkulu, khonzani mina"*. Yena ngokwakhe walandela ezinyathelweni zabaPhrofethi wawugcina lowo mthetho.

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

AmaKrestu akhonza uJesu oyindodana kaNkulunkulu - uNkulunkulu othathwa njengowokuqala koNkulunkulu abathathu (*Triune God*). Bathatha uJesu (u.k.k) njengoNkulunkulu qobo. AmaKrestu awawulandeli umthetho owagcwaliswa nguJesu.

**<u>ii.</u> <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

(Ngokwenkolelo yamaSulumane), uSomandla onguMdali wezinto zonke, akazali noma iyiphi indodana, noma indodakazi, noma umfazi. uSomandla akadingi indodana noma unkosikazi ukuze bamsize (ebuKhosini baKhe) ngandledlana-thile. NguYe kuphela iNkosi ephilayo, futhi uzimele. uNkulunkulu walilungisa iphutha lokungaqondi kahle lwamaJuda namaKrestu. *"Bezwakele bethi: uNkulunkulu, onoBubele, uzele indodana."* Udumo lube kuYe! Labo bayizinceku nje ezanikelwa ukuhlonipheka." ***(iKhurani eliNgcwele: 21:26).***

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(13). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

### 13. Insindiso noMsindisi

Isenzo sokuthethelela izono kuyinto esemandleni kaMdali uSomandla Yedwa. ***(Isaiah 33:22; 43:25; 44:22; 64:9); (Jer. 31:34); (Ez. 18:22; 33:16); (Micah 7:18-19)***. uNkulunkulu onaMandla Onke nguYe kuphela uMsindisi ***(Jude 1:25); (Deut. 32:15); (2 Sam. 22:3, 47); (Chronicles 16:35); (Psalms 17:7; 18:46; 24:5; 25:5; 27:9; 38:22; 42:5; 42:11; 43:5; 65:5; 68:19; 79:9; 85:4; 89:26; 106:21); (Isaiah 17:10; 19:20; 43:3,11; 45:15,21-22; 49:26; 60:16); (Jer. 14:8); (Hosea 13:4); (Micah 7:7); (Habakuk 3:18)***. eBhayibhelini igama elithi: *"Umsindisi"* aliqondiswanga kuJesu yedwa. iBhayibheli liyasitshela ukuthi bekukhona abantu ababebizwa *"Msindisi"* kodwa bebengebona onkulunkulu. U-*Jeroboam*, indodana ka-*Jehoash*: ***(2 Amakhosi 14:27)***; no-*Othieli*, indodana ka-*Kenaz*: ***(Judges 3:9)***, u-*Ehud*, indodana ka-*Gera*: ***(Judges 3:15)***.

Ngokwencazelo kaJesu (u.k.k), insindiso itholakala kuphela ngokubambelela emiyalweni kaSomandla uMdali wezinto zonke: ***(Matt. 19:16-17)***. uJesu (u.k.k) naye ngokwakhe wawulandela futhi wawugcina lowo mthetho

#### i. Indlela yobuKrestu:-

AmaKrestu akholelwa ekutheni insindiso yabo ikuJesu; bakholelwa ekuthi uJesu unguNkulunkulu, nokuthi wabethelwa esiphambanweni, kanye nokuthi uJesu wabalethela insindiso nokuthethelelwa izono ngokufa kwakhe esiphambanweni. Bakholelwa ekutheni uJesu unguMsindisi wabo, nokuthi uzobaxolela izono zabo namaphutha abo. Lokho kufakazela indaba yokuthi amaKrestu awawulandeli umyalo owalandelwa nguJesu (u.k.k) qobo lwakhe.

#### ii. Indlela yamaSulumane:-

(Ngokwenkolelo yamaSulumane,) uSomandla nguYe kuphela oyiNsindiso yabo, unguMsindisi wabo lapha emhlabeni kanye nangoSuku loKwahlulelwa. AmaSulumane akholelwa ekutheni akekho omunye umuntu okumele ajeziselwe amaphutha wabanye abantu ***(iKhurani eliNgcwele: 6:164).*** AmaSulumane akholelwa nasekutheni uSomandla wavikela umphrofethi uJesu (u.k.k) esehlakalweni sokubethelwa esiphambanweni, nokuthi akazange abulawe noma abethelwe ***(iKhurani eliNgcwele: 4:157).***

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(14). <u>UKUQHATHANISA</u>*

### <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>14. Ulwazi lwazo zonke izinto</u> (*Omniscience*)**

uJesu (u.k.k) ngokwakhe wenqaba ukuthi unolwazi lwazo zonke izinto ezingabonwa ngamehlo enyama, nokuza kosuku loKwahlulelwa: ***(Mark 13:32); (Matt. 24:36)***.

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

AmaKrestu akholelwa ekutheni uJesu unolwazi lwazo zonke izinto. (njengoba) uJesu wenqaba ukuthi unolwazi lwazo zonke izinto, (okusho ukuthi) amaKrestu awawulandeli umyalo owalandelwa nguJesu (u.k.k) qobo lwakhe.

**<u>ii.</u> <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

(Ngokwenkolelo yamaSulumane,) uSomandla nguYe kuphela onolwazi oluphele lwazo zonke izinto. (u-Allah) wazi konke okumayelana nezehlakalo esezadlula, kanye nalezo ezisazokwenzeka. ***(iKhurani eNgcwele: 49:18).***

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(15). <u>UKUQHATHANISA</u>*

### <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>15. Izibonakaliso</u> (Miracles)**

uJesu (u.k.k) kanye nabanye abaPhrofethi benza izibonakaliso ezimangazayo nezahlukene, (kodwa) lezo zehlakalo beziba khona ngemvume kaSomandla kuphela. uMose ***(Exodus 14:22)***, Elisha ***(2 Amakhosi 4:34; 4:44; 5:14; 6:17,20; 13:21)***, Elijah ***(1 Amakhosi 17:22), uJesu (Luke 9:10-17), (John 6:16-24), (Mark 6:45-52), (Matt. 14:22-33)***.

uJesu (u.k.k) ubengenzi izinto ngokuthanda kwakhe, wakufakaza loku encwadini ***(ka-John 5:30)*** ukuthi: *"Mina ngokwami angikwazi ukwenza lutho, ngehlulela njengoba ngiyaliwe, kanti futhi nkwehlulela kwami kunobulungiswa, ngoba angenzi izinto ngokwentando yami, kodwa ngenza konke ngokwentando yaLowo Ongithumile."* Nasencwadini ***(ka-John 8:28)*** kubikwe kanje: *"Angezi lutho ngokwentando yami, kepha ngikhuluma lezi zinto ngokwemfundiso kaBaba."* Lawa mavesi awayithinti indaba yolwazi lwezinto zonke. uJesu (u.k.k) ngokwakhe wazehlisa, waziveza njengosezingeni eliphansi kunoMdali uSomandla. Lokhu kufakazela ukuthi uJesu (u.k.k) wawuhlonipha futhi wawugcwalisa umthetho (wokuthi uMdali abekwe ezingeni eliphakeme lokuba nolwazi lwazo zonke izinto).

**i.** **Indlela yobuKrestu:-**

AmaKrestu athatha izibonakaliso ezimangazayo (nezahlukene) ezinziwa ngabaPhrofethi basendulo njengobufakazi bobuPhrofethi babo, nokuthi bebekwenza konke lokho ngokwegunya likaNkulunkulu, (kodwa) izibonakaliso ezimangazayo ebezenziwa nguJesu zona bazithatha njengobufazi bokuba nguNkulunkulu kwakhe (uJesu). amaKrestu awawulandeli umyalo owalandelwa nguJesu (u.k.k) qobo lwakhe.

**ii.** **Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane akholelwa ekutheni uSomandla ubebasiza abaPhrofethi baKhe abanjengo:- Abrahama, uMose, uDavide, uSolomon, uJesu kanye noMuhammad (*ukuthula kube kubo bpnke)* ukuthi bakwazi ukwenza izibonakaliso ebekade zisezimweni sokuqondwa ngabantu bendawo leyo uMphrofethi ngamunye abephila nabo. Lezo zibonakaliso bebezenza kuphela ngokwegunya likaSomandla. Phakathi kwiKhurani eNgcwele, igama likaJesu (u.k.k) litholakala amahlandla awu-25. Igama likamamakhe (uMariya) yena kukhulunywa ngalo amahlandla awu-34, kanti igama likaMuhammad (u.k.k) livezwe kathathu nje kuphela, kwathi elika-*"Ahmad"* livezwa kanye kuphela.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(16). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

**16. Ukubingelela**

uDavide (u.k.k) ubevamise ukubingelela abantu athi: *"Shalom Aleichem."* Lawo ngamagama olimi lwesiHebheru, asho ukuthi: *"Ukuthula kube kini."* ***(1 Sam. 25:6.*** uJesu (u.k.k) walilandela leli siko njengoba naye ebebingelela ngendlela efanayo, ethi: *"Ukuthula kube nani."* ***(John 20:19,21,26); (Luke 24:36).*** uJesu (u.k.k) walifezakalisa lelo siko (lokubingelela).

**i.** **Indlela yobuKrestu:-**

AmaKrestu awasho lamagama athi *"Ukuthula kube kini"* uma bebingelelana. (Kusobala ukuthi) amaKrestu awalilandeli isiko elafezakaliswa nguJesu (u.k.k).

**ii.** **Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane abingelelana ngokuthi: *"As-salamu alaikum"*, okungamagama olimi lwesi-*Arabic* asho ukuthi: *"Ukuthula kube kini"* ***(iKhurani eNgcwele: 6:54; 7:46; 11:48; 11:69; 13:24; 14:23; 36:58; 39:73; 97:5).***

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(17). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K)  YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>17. Uphuzo oludakayo</u>**

AbaPhrofethi basendulo bebengaluphuzi uphuzo oludakayo. uMose (u.k.k): ***(Lev. 10:8-10), (Num. 6:1-4)***, uSolomon (u.k.k): ***(Prov. 20:1; 23:29-33)***, u-Isaiah: ***(Isaiah 5:11-12; 5:22-24)***, uSamueli: ***(Judges 13:4-7)***. uJesu (u.k.k) wawuhlonipha ngokugcwele lo mthetho.

Mayelana nesibonakaliso *"sokushintsha amanzi ukuthi abe i-wayini"*, esitholakala kuphela ***(ku-John 2:1-11)***, nokuyinto ephikisana njalo nezinye izincwadi zeVangeli (*Gospels*), izazi zeThestamende eLisha zizwakalise ukuba nokungabaza ukuthi senzeka ngempela.

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

Iningi lamaKrestu baphuza izinhlobo ezahlukene zophuzo oludakayo, bezishaya indiva ezinye izingxenye zezwi likaSomandla njengoba bezitshela ukuthi eminye imiyalo kayenzelwanga bona. (Kusobala ukuthi) amaKrestu abawulandeli uthetho owalandelwa nguJesu (u.k.k).

**<u>ii.</u> <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

Kuyinto eyazekayo kuwo wonke amaSulumane ukuthi uphuzo oludakayo aluvunyelwe nhlobo, ngoba luletha ukuthikamezeka kokuxhumana phakathi kwabo noMdali, futhi luholela ezintweni eziningi ezinomthelela ongemuhle, nesingabala phakathi kwazo ukubakhona kwezinkinga ezimpilweni zabantu, nasemphakathini jikelele. ***(iKhurani eNgcwele: 5:90).***

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(18). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K)  YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

**<u>18. Inyama yengulube</u>**

uMose (u.k.k) ubengdli inyama yengulube ngokomyalo oyinqabelayo, osencwadini ka ***(Lev. 11:7-8)*** nasencwadini ka ***(Deut. 14:8)***, uJesu (u.k.k) wawulandela ngokuphelele lo mthetho: ***(Matt. 5:17-18)*** naku ***(Luka 24:44).***

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

Iningi lamaKrestu bayayidla inyama yengulube. bayishaya indiva ezinye izingxenye zezwi likaSomandla njengoba bezitshela ukuthi eminye imiyalo kayenzelwanga bona. Izazi zenkolo yobuKrestu zihumushe izintshumayelo

nezinkulumo zikaPawulu ezazimayelana nokudliwa kwemifino yodwa ***(Romans 14:2-3)*** ngendlela yokuthi kube sengathi ukudliwa kwezidlo ezingalungile kugunyaziwe. (Kusobala ukuthi) amaKrestu awawulandeli uthetho owawulandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane awayidli inyama yengulube kanye nemikhiqizo enziwe ngengulube ngoba yenqatshelwe ukuthi ingadliwa. ***(iKhurani eNgcwele: 5:3; 2:173).***

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(19). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

### 19. Ukuhlinzwa kwezilwane

Igama lolimi lwesi-Hebheru elithi: ***"Shechita"*** limela isiko lokuhlinzwa kwezilwane kanye nezinyoni ngokomthetho wamaJuda olawula ukudla: ***(Deut. 12:21; 14:21); (Num. 11:22).*** Umuntu ohlinza ngokulandela umthetho wokholo ucela izibusiso zikaMdali, bese ebiza igama loBukhosi likaSomandla elihlonishwa umhlaba wonke, akubizwa amagama wezithixo lapho. Kumele isilwane leso sihlinzwe "ngenhlonipho nokukhombisa uzwelo" yilowo ohlinza ukulandela isiko lenkolo. Ukuhlinzwa kwenziwa ngokunquma imithambo nemisipha kanye neqhoqho ngokushesha, esebenzisa umese obukhali kakhulu. Ukuhlinza ngale ndlela kumisa ukuphalala kwegazi okuya ebochosheni ngokuphazima kweso, nokuthi ingqondo yesilwane imise ukusebenze ngaso leso sikhathi Ngemuva kwesenzo sokuhlinza, inyama yesilwane leso izobe seyilungele ukudliwa. Ngolimi lwesi-*Hebheru,* inyama enjalo ibizwa *"Kosher".* Encwadini ***(yeZenzo 15:20)***: *"Sibabhalela ukuze bazithibe ... ezintweni ezife ngokuklinywa, nokuthi bangadli igazi."* uJesu (u.k.k) wawulandela futhi wawugcina lowo mthetho (wokuhlinza).

***Ingabe ukuhlinza kuyisihluku?***

Kwenziwa ucwaningo ngalo mbuzo ngokuthi kuhanjelwe izindawo lapho kuhlinzwa khona, kwabukwa amarekhodi abizwa ngokuthi awe-***"EEG"*** kanye nawe-***"ECG"***. (Kube khona izimpendulo eziphikisanayo uma kubhekwa imiphumela yendlela yokuhlinza yamaKrestu, nendlela yokuhlinza yamaSulumane. Izimpendulo zizolandela.)

**i. Indlela yobuKrestu:-**

Ngaphambi kokuhlinza isilwane, amanye amaKrestu abiza amagama obuthathu bukaNkulunkulu (*Trinity*) abanye babiza igama likaJesu njenglungu lesibili lalobu buthathu bukaNkulunkulu, kanti abanye bona abasho lutho uma behlinza. Ezinye izinkampani ezisebenzana nokuhlinzwa kwezilwane zivele ziklinye isilwane ngenhloso yokugcina igazi enyameni, okuyisenzo esaqalekiswa encwadini ***(ye-Zenzo 15:20)***, ezinye izinkampani zisebenzisa ***i-"Captive bolt guns"***, noma kusetshenziswe ugesi ukuzibulala, okuyinto exhwalisa izilwane leyo.

Umphumela we-***"EEG"*** udalule ukuthi izilwane zizwiswa ubuhlungu obukhulu ngempela (uma ukuhlinzwa kwazo kungenziwa ngokushesha). AmaKrestu awawulandeli umthetho olawula ukuhlinzwa kwezilwane njengoba utholakala eBhayibhelini. AmaKrestu awawulandeli umthetho owawulandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

Kukhona imibandela eminingi elawula indlela yokuhlinzwa kwezilwane enkolweni ye-Islam (ebizwa *Zabiha*), nazi izinyathelo ezibalulekile:-

a) Umuntu ohlinzayo kumele abe yi-Muslim,
b) Asho *i-"Takbeer"* ngesikhathi ehlinza, athi: *"Allahu Akbar",* okusho ukuthi: *"u-Allah Mkhulu kaKkhulu"*.
c) Aqiniseke ukuthi uqhoqhoqho nemithambo emqoka inqunywe ngemfanelo. Inyama ibasesimweni esihle isikhathi eside uma inyama ingenalo igazi, kanti lokhu kwenza leyo nyama ilungele ukudliwa ngokwenkolo yamaSulumane (*"Halaal"*).

Umphumela we-***"EEG"*** udalule ukuthi akukho buhlungu obudlulela ezilwaneni uma kulandelwa le ndlela yokuhliza.
***(iKhurani eNgcwele: 2:173; 5:3; 6:121; 22:34).***

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(20). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

**20. Ukudla inyama enegazi phakathi kwayo**

AbaPhrofethi basendulo babeqaphelisa abantu ukuthu bangadli noma iyiphi inyama enegazi phakathi. Asithathe isibonelo sika-Nowa (u.k.k): ***(Genesis 9:3-4),*** uMose ***(Lev. 17:10-14, 19:26), (Deut. 12:16,23).***

Encwadini ***(ye-Zenzo 15:20)***, kubhaliwe ukuthi: *"Sibabhalele ukuze bakwazi ukuzithiba ... ezilwaneni ezibulewe ngokuklinywa, nasekutheni bangadli igazi."* uJesu (u.k.k) wawulandela futhi wawugcina lowo mthetho (wokugwenywa kwenyama enegazi).

**i. Indlela yobuKrestu:-**

AmaKrestu angayidla inyama enegazi (njenge-*Steak* esingavuthiswanga kahle), yize yenqatshelwe ukuthi idliwe: encwadini ***(ye-Zenzo 15:20,29)***. AmaKrestu anenkolelo yokuthi lowo mthetho waxekiswa ngamabandla asendulo. AmaKrestu abawulandeli umthetho owalandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

Enkolweni ye-Islam akuvunyelwe nhlobo ukudla inyama enegazi phakathi. ***(iKhurani eNgcwele: 2:173, 5:3, 6:145 ).***

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(21). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

### <u>21. Abesimame abazimbozile</u>

Abesimame abazimbozile bebetholakala kuzo zonke izindawo uJesu (u.k.k) nabaPhrofethi ababephila kuzo. ***(Gen. 24:64-65), (1 Cor. 11:5-6)***. uJesu akakaze abukele phansi isiko labesimame lokuzimboza umzimba, noma alithathe njengesenzo esesiphelelwe isikhathi. uJesu (u.k.k) wawuhlonipha futhi wawugcina lowo mthetho (wokwembozwa komzimba).

**<u>i.</u> <u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

Ezinsukwini zanamuhla iningi labesimame bamaKrestu abawumbozi umzimba, futhi ababunaki ubufazi babo (*modesty*), kodwa (uvamisa ukubathola) begqamisa ubuhle babo. Ukumboza umzimba ngendlela yokuhloniphisa kuthathwa njengesiko lakudala elingasaphoqelekile. AmaKrestu abawulandeli umthetho owalandelwa nguJesu (u.k.k).

**<u>ii.</u> <u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

Iningi labesimame bamaSulumane bayawumboza umzimba ngokuhloniphisa, futhi bayabunaka ubufazi babo, kanjalo kugwemeke ukuthi baqhakambise uhuhle babo. ***iKhurani eNgcwele: (24:31; 33:59).***

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(22). <u>UKUQHATHANISA</u>*

## <u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>

### <u>22. Inhlanzeko</u>:- <u>Ukugeza umzimba wonke</u>

uMose (u.k.k) wethula umthetho omayelana nokuhlanzeka: ***(Lev. 11, 12 & 14), (1 Cor. 11:5-6)***. Ukuhlanzeka bekuthiwa ***"tohoRAH"***, kanti ukungcola kubizwa ***"tumAH"***.

uDavide (u.k.k) ubegeza ukuze ahlanzeke, bese eya endlini kaSomandla ukuyokhonza uMdali: ***(2 Samuel 12:20); u-Elisha (u.k.k): (2 Amakhosi 5:10, 14)***.

uJesu akazange aphelise noma aphikisane nemithetho yakamuva emayelana nenhlanzeko kanye nokungcola. iThestamende eLisha liyfakaza ukuthi isiko lokugeza umzimba wonke (nokugcina ngokuletha ukuhlanzeka komuntu

emoyeni nasemphefulweni) ngamanzi ahlanzekile kwakuyinto eyayenziwa ngabalandeli bakaJesu (u.k.k): ***(Heb. 10:22).*** uJesu (u.k.k) wawuhlonipha futhi wawugcina lowo mthetho (wenhlanzeko).

### i. Indlela yobuKrestu:-

Kulezi zinsuku, amaKrestu abasawulandeli umthetho olawula inhlanzeko nokugcola njengoba ibaliwe encwadini ka-Leviticus. ***Isibonelo***: abesilisa nabesifazane namuhla bazingenela kuphela emabandleni bayokhonza yize bengahlanzekanga emizimbeni ngenxa yokuhlangana ngokocansi, noma ukugoliswa isidoda yisidoda (*seminal discharge*) noma ukuba semalangeni kwabesimame. Lokhu kwenza kudalwe amagama ezimfundiso zikaPawulu: ***(1 Thessalonians 5:16-18)***, lapho ethe khona: *"Thandazani ningaphezi"*. Yize kunjalo, leli vesi lisho nje ukuthi: "Khumbulani uNkulunkulu ngazo zonke izikhathi." Alisho ukuthi abantu bahlale bethandaza njalo, ngisho noma sebeshaya indiva indaba yokuhlanzeka kwemizimba yabo. AmaKrestu abawulandeli umthetho owalandelwa nguJesu (u.k.k).

### ii. Indlela yamaSulumane:-

Kukhona imithetho eminingi enkolweni yamaSulumane elawula inhlanzeko ***(taharah)*** nokungahlanzeki ***(najasah)***. ***Isibonelo***: abesilisa nabesifazane abazingeneli nje esontweni (*masjid*) bayokhonza bengahlanzekanga emizimbeni ngemuva kokuhlangana ngokocansi, noma ukugoliswa yisidoda (*seminal discharge*) kanye nokuba semalangeni kwabesimame. Umuntu kulindeleke ukuthi ageze umzima wonke ngamazi ahlanzekile uma ekuleso simo. Enkolweni ye-Islam, ukuba semalangeni kowesimame akusona isiqalekiso noma umphumela wesono sika-Eva. ***iKhurani eNgcwele: (2:222).*** Enkolweni ye-Islam kuhlala kukhona ukuholwa okuphuma ku-Allah nakuMphrofethi uMuhammad (u.k.k) okwenza ukuthi umuntu ahlale ekhumbula u-Allah ngazo zonke izikhathi.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(23). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

### 23. Ukuba namakhosikazi ngobuningi (*polygamy*)

Ukushada amakhosikazi amaningi yisiko ebeligcinwa abaPhrofethi ababekhona ngaphambi kobukhona bukaJesu (u.k.k). u-Abrahama (u.k.k) ubenamakhosikazi amathathu:- ***(Gen. 25:1)*** kanye nezancinza (*concubines*): ***(Gen. 25:6)***, uJakobhe ubenamakhosikazi amabili nezancinza ezimbili. ***(Gen. 39:3,9)***. uMose (u.k.k) yena ubenamakhosikazi amabili ***(Ex. 2:21; 18:1-6), (Num. 12:1)***. uDavide ubenamakhosikazi ayishiyagalombili labo amagama abo adaluliwe eBhayibhelini, kodwa kukhona abanye abaningi labo abangazange kubhalwe amagama abo (eBhayibhelini) kanye nezancinza ezingaphezulu kweshumi: ***(1 Chro. 3:1-9); (2 Sam. 15:16; 16:21-22; 20:3)***. uSolomon ubenamakhosikazi awu-700 kanye nezancinza ezingamakhulu amathathu. ***(1 Amakhosi 11:3)***.

uJesu akazange akhulume noma aphikisane nesiko lokushadwa kwamakhosikazi amaningi, noma ukuba nezancinza. uJesu (u.k.k) walihlonipha lelo siko.

Ebhukwini alibhalile, u-***Father Eugene Hillman***, elibizwa: (“*Polygamy Reconsidered”*, ekhasini lika-140), ugxeke isenzo sebandla leKhatolika yaseRoma ngokuchitha isiko lesithembu (*polygamy*) ukuze kuzibandakanywe nesiko eliyinhlanganisela le-***Greco-Roman***, lokuvumela ukuthi kushadwe unkosikazi oyedwa kuphela, kepha kube kungakhuzwa isenzo sokuba nezancinza (*concubinage*).

**i. Indlela yobuKrestu:-**

Ngokuvamisile, iningi lamaKrestu lenza umbukiso ngokushadela endodeni eyodwa (*monogamy*), kepha eqinisinweni baphila impilo efana neyesithembu (*polygamy*), njengokuba nabomakhwapheni. Sekuyinto ejwayelekile emphakathini wamaKrestu ubukhona bokuthandana kwabantu abangashadile, noma ukuphinga kanye nemishado eyimfihlo.

Inkinga yokungalingani kwabantu besilisa nabesimame ngesibalo okusuke sekudaleke ngezikhathi zezimpi, kungaxazululwa ukushadwa kwamakhosikazi ngobuningi (*polygamy*), njengoba leli siko lizibonakalisa kuyiso isixazululo esinemiphumela emihle emiphakathini yanamuhla. AmaKrestu abalilandeli isiko elahlonishwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

I-Islam ivumele ukushadwa kwamakhosikazi ngobiningi ngenhloso yokuxazulula izinkinga zomphakathi. Ivumele ukukhululeka ngandlela-thile kubuntu bomuntu ngamunye, kodwa ngaphansi kwesiqiniseko sokuhlonishwa komthetho (isilinganiso samakhosikazi ashadwayo siphelela kwabane ngasikhathathi sinye). Futhi kubekwe umthetho oqinisekisa ukunakekeleka kowesimame njengesidingo-ngqangi sokuvunyelwa komshado onjalo).
***iKhurani eNgcwele: (4:3).***

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***“Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?”*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(24). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

### 24. Ukukhothamela izithixo, izithombe ezibaziweyo, neziphambano

AbaPhrofethi ababekhona emandulo bayikhuza ngamandla indaba yokukhothamelwa kwezithixo ezahlukene. Bekungavunyelwanga nokuthi kube khona imifanekiso yabesilisa noma abesifazane ezindlini zokukhonzela, bexwayisa umphakathi kakhulu mayelana nokukhothamelwa kwaleyo mifanekiso. USomandla uzibiza *“uNkulunkulu unesikhwele”* uMose: ***(Ex. 20:4-5; 3:24; 34:7 & 14), (Deut. 4:24; 5:6-9),*** uDavide: ***(Psalms 94:1);*** uJoshuwa: ***(Josh. 23:7; 24:19)***, u-Elijah ***(1 Amakhosi 19:10)***, u-Ezekieli: ***(Ez. 20:7; 39:25)***, u-Nahum: ***(Nah. 1:2)***.

AbaPhrofethi basemandulo bayikhuza ngamandla indaba yokukhothamelwa kwezithixo nokukhonzwa (*serve*) kwazo. uMose: ***(Ex. 20:3-5; 32:7-8), (Deut. 4:15-19), (Lev. 26:1)***, uDavide: ***(Psalms 135:15-18)***, u-Isaiah: ***(Isaiah 2:17-18; 44:9)***, no-Ezekieli: ***(Ez. 30:13)***. uJesu (u.k.k) wawuhlonipha lo mthetho. ***(Matt. 5:17-18), (Luke 24:44), (1 John 5:21), (Izenzo 17:28-29), (iSambulo 22:15)***.

**<u>ISIPHAMBANO</u>**

Indlela isiphambano esibazwe ngayo kulandelwe isiko lase-*Chaldea*, bekuluphawu lwesithixo esibizwa ***"Tammuz"*** (inhlamvu **"T"** yisifinyezo segama laleso sithixo. Ukuze kwenziwe ngcono ukholo lwabantu abahlubukile okholweni, abantu ababekhonza izithixo bebemukelwa emaSontweni nezinkolelo zabo, futhi bebevunyelwe ukugcina izimpawo zezinkolelo-ze zabo, kanye nemifanekiso yakhona. Yingakho bekujwayelekile ukubonakala kohlamvu lwe **"T"**, obelubonakala njengesiphambano, futhi lwamukelwa ukuthi lube yisiphambano sikaKrestu ***(Vine's Expository Dictionary of New Testament Words – ©Thomas Nelson Publishers, 1985***). Manje-ke, njengoba kusobala ngokwencazelo engenhla, umthelela wezinkolelo-ze wafaka uphawo lwesiphambano kancane-kancane (enkolweni yobuKrestu), okwathi kamuva lwasetshenziswa osikweni lwe-***"Greco-Romans"***.

**<u>i.</u>** **<u>Indlela yobuKrestu</u>:-**

AmaSonto anezinhlobo ezahlukene zezithixo, njengalezo ezimele izithombe ezibaziweyo zikaNkulunkulu, isithombe sikaMariya uMama oCwebileyo, iZingelosi, nesikaJesu – uzithola zilengiswe esiphambanweni. Uthola nezithombe ezibaziweyo zabantu abathathwa njengabangcwele *(saints)*, nemifanekiso yabantu besilisa nabesifazane, izinhlanzi, amajuba, njalonjalo.

AmaKrestu aguqa ngaphambi kwesiphambano, bakhothamela izithombe ezibaziweyo nezithixo kanye nezimpawo zenkolelo-ze ezenziwe ngabantu ukuze bazikhonze. Abanye phakathi kwamaKrestu bagaxa isithombe entanyeni njengophawo lokholo lwabo.

AmaKrestu ephula umthetho wesibili oNgcwele kuleyo elishumi etholakala ***(ku-Exodus 20:3-5)***. AmaKrestu abawulandeli uthetho owawuhlonishwa nguJesu (u.k.k).

**<u>ii.</u>** **<u>Indlela yamaSulumane</u>:-**

Ngokwenkolo ye-Islam akuvumelekile ukuthandazela endlini lapho kulenga khona imifanekiso noma izithombe odongeni. Kukhona izexwayiso ezimbalwa zikaMphrofethi (u.k.k) ezitholakala kuma-***Hadith*** akhe:

1) *"Izingelosi azingeni endlini ekukhona inja kuyo noma imifanekiso."*
2) *"…abantu abayojeziswa kabuhlungu ngoSuku loKwahlulelwa yilabo abalingisa indalo ka-Allah."*

UmPhrofethi uMuhammad (u.k.k) wabhidliza izithixo eziwu-360 ebezizungeze i-***Kaaba***, zikhothanyelwa ngabantu basendulo kungakabi khona inkolo ye-Islam.

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(25). <u>UKUQHATHANISA</u>*

**<u>INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO</u>**

**25. Ukuphinga (*Adultery*)**

Kubhaliwe encwadini yaba-***Hebheru (13:4)*** ukuthi umshado kumele uhlonishwe yibo bonke abantu, nokuthi umshado ugcinwe uhlanzekile ngoba uSomandla uzokwahlulela umuntu ophingayo nongaziphathi kahle. Ukuphinga bekunqatshelwe eBhayibhelini: *"Ungaphingi."* (eBhayibhelini igama lokuphinga kukhulunywe ngalo ngendlela ezahlukene kwaze kwaba izikhathi ezewu-49): ***(Ex. 20:14), (Lev.20:10), (Deut. 5:18), (Psalms 51:1), (Prov. 6:32), (Jeremiah 3:6; 29:23), (Ez. 16:32, 38; 23:27,43,45), (Hos. 1:2; 2:2, 4; 4:2, 13-15; 7:4), (Matt. 5:32; 15:19; 19:9,18), (Mark 7:21; 10:11,12,19), (Luke 16:18; 18:20), (John 8:3-4), (Rom. 2:22; 13:9), (Gal. 5:19), (James 2:11), (2 Peter 2:14), (Rev.2:22; 17:2; 18:3,9)***.

uJesu (u.k.k) wawuhlonipha umthetho oxwayisa mayelana nokuphinga.

**i. Indlela yobuKrestu:-**

Iningi lamaKrestu likholelwa ekutheni uNkulunkulu angeke aze abajezise ngoba uJesu ungumsindisi wabo. Bavumela ubukhona bokuhlangana ngokocansi kwabantu abangashadile, nezenzo zokuphinga, njalonjalo.

Iningi lamaKrestu likhohlwa ukuthi ukuphinga kuyisono emehlweni kaNkulunkulu, futhi abawulandeli umthetho owawulandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

AmaSulumane akujabulela kakhulu ukushada ngendlela yesiko le-Islam ngoba i-Islam ayivumeli ubukhona bokuhlangana ngokocansi kwabantu abangashadile, nezenzo zokuphinga, njalo-njalo. Lokhu kuthathwa njengesono esikhulu kakhulu! ***iKhurani eNgcwele: (7:33), (17:32), (24:3-4, 26).***

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(26).* ***UKUQHATHANISA***

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

**26. Ukuhlanzeka - Ukusoka**

Isiko lokusoka (*circumcision*) alincikanga emthethweni kaMose, kepha lincike kwisivumelwano sika-Abrahama: ***(Gen. 12:1-3)***. Umphrofethi u-Abrahama nesizukulwane sakhe bebesokile (isivumelwano saphakade): ***(Gen. 17:1-2)***. Ukwehluleka ukusoka ukwephula isivumelwano noNkulunkulu: ***(Gen. 17:14)***. Ukuze umuntu amukeleke ekutheni abe yingxenye yisidlo sePhasika (*Passover*), kulindeleke ukuthi abe ngumuntu osokile (*circumcised)*: ***(Ex. 12:44,48)***. Lo mthetho obubekelwe wonke umuntu, waphindwa futhi encwadini ka ***(Lev. 12:3)***. Encwadini ka***-(Ex. 4:26),*** kukhulunywe ngokusokwa kwendodana kaMose. Esahlukweni sesiHlanu sencwadi ka-Joshua, kukhulunywe ngokusokwa kwabantu ngaphambi kokungena ezweni lesithembiso. Ku-***(Gen. 34:15)***, kubikwa ukuthi bekungavunyelwe ukuthi umkhulisi wengane (*guardian*) ashadise ikholwa lowesimame nensizwa engasokwanga.

uJesu (u.k.k) naye wasigcina *"isivumelwano esingunaphakade"* njengoba naye wasokwa: ***(Luke 1:59; 2:21), (Rom. 2:29)***. uJesu wakhuluma ngendaba yokusokwa: ***(John 7:22-23)***. uJesu (u.k.k) wawulandela lo umthetho wokholo.

**i. Indlela yobuKrestu:-**

Ngokwenjwayelo, iningi labesilisa bamaKrestu abasokwanga ngenxa yencazelo edukisayo kaPawulu, owathi yinhliziyo esokwayo, ngomoya ongcwele: ***(Rom. 2:29)***. uPawulu wathi "*uJesu akayi kuninceda ngalutho uma nisokwa.*" ***(Gal. 5:2)***. *"Yikuphi ukubaluleka okukhona esenzweni sokusoka?"* ***(Rom. 3:1-2)***. Encwadini ka-***(1 Cor. 7:18-19)***, uPawulu uyibeke ngokucacile ukuthi ukusoka akunto yalutho. AmaKrestu abawulandeli umthetho owawulandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

Ngokwenjwayelo, wonke umuntu wesilisa kumaSulumane usokiwe, ngoba bekulisiko lika-Abrahama (u.k.k), kanti futhi bekuyisenzo (*Sunnah*) sikaMphrofethi wethu othandekayo, uMuhammad (u.k.k).

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(27). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

**27. Inzalo-mali – *(Usury)***

Igama esitshenziswa eBhayibhelini, elichaza imali-nzalo kuthiwa yi-***"Neshek"***. Leli gama liphikisa into eliqondiswe kuyo kakhulu, futhi lithathelwe (derived) egameni elisho ukuhlasela njengenyoka.

AbaPhrofethi basendulo bebephikisana nesenzo sokwamukela noma ukunikelana ngemali-nzuzo ***(Deut. 23:19-20)***, ***(Lev. 25:36-37), (Ex. 22:25), (Ez. 18:8-9,13,17; 22:12), (Ps. 15:1-5), (Jer. 15:10)***. uJesu (u.k.k) waphikisana nesenzo sokwamukela noma ukunikelana ngemali-nzuzo. ***(Matt. 25:27), (Luke 19:22-23)***. uJesu (u.k.k) wulandela lo umthetho. ***(Matt. 5:17-18), (Luke 24:44)***.

**i. Indlela yobuKrestu:-**

Kulezi zinsuku, iningi lamaKrestu abanakile ukuthi ukwamukelwa kwemali-nzuzo (*interest*) kuyisono. AmaKrestu abawulandeli umthetho owawulandelwa nguJesu (u.k.k).

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

Igama lolimi lwesi-Arabic elichaca imali-nzuzo lithi: ***"Riba"***. Lithathelwe egameni elisho ukwandisa. AmaSulumane Azakhele indlela yokugwema imali-nzuzo ngokusungula indlela yabo yokubeka imali (***Islamic Banking***) engenayo inzalo ukuze kugwemeke ukuyamukela noma ukuyikhipha uyinikeze omunye umuntu. ***iKhurani eNgcwele (2:275, 276, 278), (3:130), (4:161)***.

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(28). __UKUQHATHANISA__*

## __INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO__

**28. __Intshebe nengubo ende__**

AbaPhrofethi basendulo bebenezintshebe: ***(Ps. 133:2)***, ***(Isa. 50:6), (Ezra 9:3)***. Umthetho kaMose wawunqabele ukunqunywa kwamadevu nokuphatheka kwentshebe ngendlela engesiyo: ***(Lev. 19:27; 21:5)***. uJesu (u.k.k) wulandela lo umthetho. uMose no-Aroni bebegqoka izingubo ezinde: ***(Num. 15:38), (Lev. 16:23), (Ex. 29:5,29; 28:2; 31:10)***. uJesu (u.k.k) naye ubegqoka ingubo ende: ***(Matt. 9:20-22), (Luke 8:43-48), (Mark 6:56)***. uJesu (u.k.k) wulilandela leli siko ngokucophelela.

**__i.__ __Indlela yobuKrestu__:-**

Kuyethukela kulezi zinsuku ukubona umuntu wesilisa egqoke ingubo ende, efana nekaJesu (u.k.k), abanye bakhulisa izintshebe zabo ngoba belandela imfashini. AmaKrestu abalilandeli isiko ebelilandelwa nguJesu (u.k.k).

**__ii.__ __Indlela yamaSulumane__:-**

Iningi lamaSulumane banazo izintshebe, ngoba belandela isibonelo (*Sunnah*) sikaMphrofethi uMuhammad (u.k.k). Iningi lamaSulumane ligqoka ngendlela ehloniphekile, futhi baningi abagqoka izingubo ezinde.

Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

# *(29). __UKUQHATHANISA__*

## __INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO__

**29. __uMuhammad kwakhulunywa eThestamendeni eliDala, wabizwa ngegama__**

Kwi-***Sihlabelelo zeZihlabelelo zikaSolomoni: (Shir ha-Shirim 5:16)***, kuthe uma kuhunyushwa igama lelo lesi*Hebheru*, kwaba ngu***"Ma.ha.mad.dim"***; Olimini lolu lwesi*Hebheru*, uma kuxhunywa u-***"im"*** egameni, lokho kwenzelwa ukukhombisa ubunye noma ubuningi *(plurality)* begama. Uma lifakwe egameni lomuntu, lisetshenziselwa ukukhombisa inhlonipho kuye. Umsuka wegama elithi:***"Ma.ha.mad.dim"*** ngu-***"hamad"*** okuyigama elisho ukuthi ***"ukudumisa noma ukukhanuka into"*** kuzo zombili izilimi *(isi-Arabic nesiHebheru),* kanti futhi lona lelo gama (***"hamad"***) yimpande yegama lesi-*Arabic* elithi ***"Muhammad"***.

Uma kungukuthi igama lika***Muhammad*** lalikhethwe nje lingenakho ukubaluleka futhi kungahlosekanga lutho ngalo, kungani lahunyushwa kwathiwa ***"ngothandekayo" noma "odingekayo"?*** Yingoba igama lelo belihumusheke kabi futhi linencazelo engesiyo. (Uma ubukela le-Video ye***Sihlabelelo sikaSolomon (Shir ha-Shirim 5:16)*** ku-YUOTUBE (***youtube.com/watch?v=3YsA45CuvFk***), uzokuzwa u-***Rabi*** woMhebheru ebiza leli gama: ***"Mahammad-im"***.

Ngokwencazelo ka-***"Strong's Concordance"***, igama okuyilona lokuqala (lesi*Hebheru*) lisho umuntu wesilisa (*masculine)*. Umbuzo oqhamukayo uthi kungani elimele owesilisa lahunyushwa ngendlela engesiyo, kwathiwa ***"ngothandekayo" noma "odingekayo",*** futhi laba sesiweni esiyi-***adjective***?

Uma ungathatha leli gama njengoba linjalo ngolimi lwesi*Hebheru* ***("hamad")***, bese ulifaka kuma-***website***s ahumusha amagama ngokuhlukana kwawo, uzothola ukuthi lelo gama lihunyushwe laba ngu-***"Muhammad".*** *(http://www.freetranslation.com & http://www.worldlingo.com)*.

**i. Indlela yobuKrestu:-**

AmaJuda azothi leli gama (***"hamad"***), liqondiswe kuSolomon (u.k.k). AmaKrestu wona azothi liqondiswe kuJesu (u.k.k). eBhayibhelini leli gama lichazwe kanje: *"Umlomo wakhe uyanambitheka, futhi uyathandeka ngokuphelele. Ungothandiweyo wami, futhi ungumngani wami, O! nina madodakazi waseJerusalema."*

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

Incazelo ye***Sihlabelelo zeZihlabelelo (5:16)***, kumele ibe ngale ndlela:- *"Umlomo wakhe uyanambitheka, yebo, unguMuhammad ngempela. Ungothandiweyo wami, futhi ungumngani wami, O! nina madodakazi waseJerusalema."*

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane.***

# *(30). UKUQHATHANISA*

## INDLELA KAJESU (U.K.K) YOKULANDELA ABAPHROFETHI NOKUGCINA IMITHETHO YABO

### 30. AmaSulumane kukhulunywe ngawo eBhayibhelini

Igama lesi*Hebheru* elithi: ***"Meshullam"*** lalisetshenziswa kakhulu ngezikhathi zangemuva kokubuyiswa ekudingisweni (*exile*), futhi litholakala amahlandla angu-25 phakathi eBhayibhelini. Encwadini ***(ka-Luke 6:40),*** eBhayibelini lesi*Hebheru*, uJesu (u.k.k) usebenzise leli gama ***"She-Mushlam"***. Umsuka wamagama lawa amabli: ***"Meshullam"*** naleli: ***"Mushlam",*** yigama elithi: ***"Shalam".*** Olimini lwesi-*Arabic*, umsuka wegama elithi: ***"Muslim",*** lithi: ***"Salima"*** - womabili asho into efanayo: *"Ukuba sesivumelwaneni sokuthula, ukulalela ngokuzithoba, ukuzinikela kuMdali, ukuba ngophelele, inhliziyo ephelele nemsulwa ngaphambi kukaMdali"*. Lokhu kusho ukuthi igama elithi: ***"Mushlam"*** lisho ukuthi: ***"Muslim"*** (iSulumane).

**i. Indlela yobuKrestu:-**

Igama lolimi lwesi*Hebheru* elithi: ***"She-Mushlam"*** lahunyushwa kwathiwa lisho ***"okuphelele"***. Incazelo yeBhayibheli yevesi lencwadi ka-***(Luke 6:40),*** inje: *"Umfundi akaphakeme ngaphezu kwenkosi yakhe; kepha wonke umuntu oqikelela ukuthi abe ngophelele, uzakuba njengenkosi yakhe."*

**ii. Indlela yamaSulumane:-**

Ukuhunyushwa okuyikho kwegama lesi*Hebheru* elithi: ***"She-Mushlam",*** ithi: ***"Muslim"***. Ukuhunyushwa okuyikho kwevesi elisencwadini ka-***(Luke 6:40)***, kunje: *"Umfundi akaphakeme ngaphezu kwenkosi yakhe; kepha wonke umuntu oyiSulumane (Muslim), uzakuba njengenkosi yakhe."*

> Manje-ke, embuzweni obuzekile ukuthi:- ***"Ingabe uJesu (u.k.k) ubenguMkrestu noma ube yiSulumane?"*** siwuphendula ngokuthi ***ubeyiSulumane*** (njengoba kusobala ukuthi ubelandela imiyalo kaSomandla ngokuphelele).

## ISIPHETHO

1) uJesu (u.k.k) wayilandela futhi wayigcina imithetho yaBaphrofethi basendulo, kanti futhi ubeyiSulumane, inkolo yakhe kuyi-Islam.
2) Uma ungalandeli imithetho eyalandelwa nguJesu Krestu (u.k.k), kungani uzibiza ngoMkrestu (***Christ-ian***)? Eqinisweni lkumele uzibuke njengomuntu olandela isonto (***Church-ian*** noma ***u-Paul-ian***, noma ngubani omlandelayo).
3) Uma unesifiso sokulandela indlela yamaSulumane (***Muslims***), sicela ukuthi uphenye lelikhasi le-*website*: **www.islamic-invitation.com**

## IMIBHALO OKUCASHUNWE KUYO (References)

- *IKhurani eNgcwele.*
- *Multilingual translations of the Bible (Ukuhunuyushwa kweBhayibheli yezilimi eziningi).*
- *i-Torah.*
- *Ama-websites athembakalayo akhuluma ngesihloko zezinkolo ezahlukene.*

www.islamic-invitation.com